


IBANGA LOKU-1 ULI MI LWASE KHAYA

Ukugqoka



2

Incwadi yesi-

2

ISIZULU



Ukufunda ngamaqembu okuholwayo

Ngaphambi kokufunda

- Phenza amakhadi endaba abazoyifunda.
- Tshela abafundi ukuba baqagale ukuthi indaba izoqhubeka kanjani uma kususelwa esihlokweni nasemifanekisweni.
- Yethula amagama amasha noma alukhuni ngaphambi kokuba abafundi baqale ukufunda incwadi.
- Yenza amakhadi amagama ukwethula amagama amasha. (Thola uhlulwamagama amasha ngaphakathi.)

Ukufunda kokuqala

- Abafundi kumele bafunde umbhalo ngamunye.
- Abafundi kumele bafunde buthule noma "bawufunde ngokuhleba" umbhalo.
- Suka kumfundu uye kolandelayo, ucele umfundu ngamunye ukuba afunde isigaba sombhalo kuzwakale.

Ingxoxo

- Funda imibuzo yokuqondiswa esuselwa embhalweni.
- Gxila emisindweni, emagameni ajwayelekile kanye nasemagameni amasha.
- Uyothola imisebenzi esekugcineni kwale ncwadi ilusizo ekuholeni ingxoxo. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)

Ukufunda kwesibili

- Ezinsukwini ezilandelayo, nkeza abafundi ithuba lokuyifunda futhi incwadi, ngababili noma ngamunye.
- Gxila ekufundeni ngokugeleza, ekusetshenzisweni kolimi nasemagameni amasha.
- Abafundi mabaqedele imisebenzi yeqembu eholwayo etholakala ngemuva kwale ncwadi. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)

Abafundi mabadlale balingise okwenzeka
endabeni uma umbhalo uvumelana nalokho.



Abafundi kumele benze imisebenzi yokufunda
ngamaqembu ngemva kokufunda. Abafundi
mabasebenze ngamaqembu ukuqedela
imisebenzi efanele etholakala ngemuva kule
ncwadi. Imisebenzi ebhalwayo kumele yenzelwe
ezincwadini zokubhalela, hhayi kule ncwadi.

Ukugqoka



Ilanga liyashisa.
Ngifaka isigqoko
sami esihle esibomvu.
Sikhulu kakhulu.





Ngigqoka ingubo yami
eluhlaza sasibhakabhaka.
Yincane kakhulu.



Ngigqoka amasokisi
ami aluhlaza satshani.
Made kakhulu.
Made impela nje.






Ngigqoka izicathulo
zikababa ezimnyama.
Hawu! Zinkulu kakhulu.
Zinkulu kakhulu impela.




Sidlala umdlalo wokuba
ngumama nobaba.
Izingubo zethu zinkulu
kakhulu. Izicathulo zami
ezinsundu zinkulu kakhulu.
Ngethemba ukuthi
ngeke ngiwe. Izibuko




zikaJona zinkulu. Ibhantshi
lakhe lide kakhulu futhi.



Leli bhulukwe lami eliluhlaza
sasibhakabhaka lide kakhulu.
Mangiqaphele ngingawi.
Wena uyathanda yini
ukugqoka ibhulukwe?





Ingubo yami ephuzi
inkulu kakhulu. Yinde
futhi ibanzi.





Leli jezi lami likhulu kakhulu.
Ngigqoka ijezi uma kubanda.



Ihembe likababa eliluhlaza
likhulu kakhulu kimi. Lide
futhi libanzi.


Uthayi kababa obomvu
mude kakhulu.






... Zonke izingubo zethu
ziyasilingana
manje.

Siyayithanda
imifaniswano
yesikole sethu.
Sonke
masiye
esikoleni.





Umsebenzi wokufunda ngamaqembu




I


Tshela umngani wakho ukuthi izingane zigqokeni esithombeni ngasinye uphinde uphendule imibuzo esemabhokisini.



Yini eyaba nkulu
kakhulu?



Yini eyaba ncane
kakhulu?



Yini eyaba yjinde
kakhulu?



Yini eyaba mfushane
kakhulu?



2

Shono izinhlobo zezimpahla ezenekiwe
kanye nemibala yazo.



3

Bhala le misho elandelayo encwadini
yakho yokusebenzela/ yokubhalela.

-sigqoko -ngubo -cathulo -hembe

Une _____



eliluhlaza

nezi _____



ezimnyama.

Umama une _____



ephuzi

ne _____



esibomvu.



4

Bhala la magama encwadini yakho yokubhalela. Bhala amagama azwakala efana nalelo elikukholomu yokuqala.

| | | | |
|-------------|-------------|-------------|--------------|
| bona | sika | nina | thola |
| nami | bona | zami | bakho |
| lelo | lona | lolo | leyo |
| zazo | bazo | bona | sona |



5

Funda imibuzo unike umngani wakho izimpendulo.

- Sithini isihloko sendaba?
- Yisho izingubo ezintathu ezibe nkulu kakhulu.
- Yini othanda kakhulu ukuyigqoka?

Chazela umngani wakho.

- Yiziphi izingubo ezibalinganayo abantwana?
- Uyithandile indaba? Nikeza isizathu salokho.



b

Kopisha umusho owodwa owuthandile endaben. Dweba isithombe ngalo musho wakho. Bhala isihlokwana ngesithombe sakho osidwebile.

IBANGA LOKU-1 ULIMI LWASEKHAYA



Incwadi yesi- 2

| | |
|--|--|
| Isihloko: | Ukugqoka |
| Ulimi: | IsiZulu |
| Izinga: | Ibunga loku-1 Ulimi Lwasekhaya Incwadi yokufunda Izinga loku-1 Incwadi yesi-2 |
| Uhlobo lombhalo: | Indaba |
| Amagama ajwayelekile: | yami, sami, kakhulu |
| Ulwazimagama: | satshani, sasibhakabhaka, nsundu, bomvu, phuzi, ngiggoka, yinkulu |
| Imisindo: | a, e, i, o, u, b, c, d, f, g, h, j, k, l, m, n, p, q, r, s, t, v, w, x, y, z |
| Okuqukethwe, Imisindo, namakhono: | <ul style="list-style-type: none">▪ Uxoxa ngezithombe.▪ Uthola izingubo nemibala yazo endabeni.▪ Uqedela imisho esebezisa izithombe.▪ Ufundla aphendule imibuzo yokuqondisisa.▪ Ukopisha umusho owodwa endabeni.▪ Uchaza umusho.▪ Ubhala isihloko sendaba. |

ICAPS ifuna ukuba othisha babeke eceleni isikhathi nsuku zonke sokubhekana nokufunda kweqembu okuholwayo. Ukufunda kweqembu okuholwayo kudinga abafundi asebesezingeni elifanayo lokwazi ukufunda umbhalo ofanayo emaqenjini. beholwa nguthisha.

Ekufundeni ngamaqembu okuholwayo. othisha bahola abafundi abasezingeni elifanayo lokufunda ekufundeni incwadi efanayo beseqenjini.

Isikhathi sokufunda kumele simbandakanye izinhlobo zamisu ehlukahlukene zokufunda nokugondisisa okudingga abafundi uma befunda.

Isu lokufunda ngempumelelo lidinga futhi ukuxoxisana ngombhalo phakathi kukathisha nabafundi, naphakathi kwabafundi emaqenjini.

Lezi zincwadi zinemisebenzi yokugondisisa kanye neminyaka ehambelana nokufunda ngokugondisisa ukusiza othisha ukuze bakwazi ukuhola ukufunda ngamaqembu emakilasini.

ISBN 978-1-4315-2541-6



ISBN 978-1-4315-2541-6



**THIS BOOK MAY NOT
BE SOLD.**



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street, Pretoria
South Africa

© Department of Basic Education
First edition 2016

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked, the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.

Ezinye izincwadi eShalofini
Lezincwadi zeBanga loku-1
zoLimi Lwasekhaya.



Isele liya esikoleni

Ngiyakwazi ukufunda

Sonke siya esikoleni

Usuku lwemidlalo yezilwane



Siyalithanda ibhola lezinyawo

Ukuggoka

UPhithiza uthola umngani
omusha

ULeli iloli



Isikhukhukazana esibomvu

U-Ann uya kudokotela

Iphupho likaDudu